Incwadi iSiyakhula Discipleship yenzelwe ukugqugquzela ukukhula ngokomoya kwabantu kanye nezixuku, ekuxhumaneni kwabo neNkosi. Iqukethe iziqephu ezine zamasonto ayisithupha, loluchungechunge lwe Discipleship luqondisa abazimbandakanyayo endleleni yenguquko, kusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Amasonto ayisithupha okuqala agxile ezintweni eziyisisekelo, kulandele ukuzithola ngofuzo kuKhristu uJesu emasontweni ayisithupha. Isiqephu sesithathu esidonsa amasonto ayisithupha sibheke ekwenzeni kabusha uhambo siveza isimo senhliziyo nalokho okubaluleke kakhulu, ekubeni isiqephu sokugcina naso esidonsa amasonto ayisithupha sigxile kwabanye kanye nomsebenzi.

**Isebenza kanjani incwadi iSiyakhula Discipleship?**

Cabanga ngabalimi abakhulisa izitshalo. Banendlela elula yokuqinisekisa isivuno esihle. Okokuqala, benza umhlabathi ukulungele ukulinywa. Bese betshala imbewu emhlabathini olungisiwe. Emva kwalokho bayanisela, ngokunakekela, imbewu iyaqhuma ibe yisitshalo. Ekugcineni, emva kokunakekela izitshalo, kubakhona isivuno!

Ngendlela efanayo, kunesu elilula labantu abakholelwayo kuNkulunkulu. Uma silangazelela ubudlelwane obujulile futhi obuqinile noNkulunkulu, kumele silandele yona lendlela yezitshalo. Okokuqala, kufanele silungise izinhliziyo zethu, njengoba kwenza abalimi belungisa umhlabathi. Sikwenza lokhu ngokufunda ngezimfundiso zikaNkulunkulu, okufana nokutshala imbewu ezinhliziyweni zethu. Bese, sizindla futhi sikuqonde lokho akushilo uNkulunkulu. Kufana nokunisela imbewu. Ekugcineni, kumele siphile impilo yethu ngendlela ebonisa izinto ezinhle esizifunde kuNkulunkulu. Yindlela esithola ngayo "isivuno" sokufana noKhristu ezimpilweni zethu. Kufana nokunakekela izitshalo ukuze kutholakale isivuno esihle. Ngokulungisa izinhliziyo zethu, sifunde kuNkulunkulu bese siphila lokho esikufundileyo, singaba ne "sivuno" esihle ezimpilweni zethu.

Isikhawu ngasinye sinalezizingxenye ezine ezilandeleka kalula. Ukulima, ukutshala, ukunisela kanye nokuvuna.

# UKULIMA



Ingxenye eyisingeniso yalesisiqephu yenzelwe ukuthi abantu bazizwe bekhululekile futhi isize ekutheni bazimbandakanye ngokukhululeka. Imibuzo elula isiza ekwenzeni izinto zihambe kahle, futhi yenzelwe ukuze wonke umuntu azizwe ekhululekile. Lena yindlela elula nenobungani yokuqalisa, uma kusendlalelwa isihloko okuzokhulunywa ngaso. Gqugquzela abantu ukuthi bazimbandakanye ngaphandle kwengcindezi.



## UKUTSHALA

Engxenyeni yesibili yalesisiqephu, sitshala imbewu yezwi lika Nkulunkulu ngokufunda ndawonye umbhalo.  Kungakuhle ukuthi umuntu ngamunye esixukwini afunde ivesi uma efisa, agqugqquzele nabanye ukuthi babeyingxenye.

## UKUNISELA



Ngesikhathi sokunisela kunemibuzo okumele kuxoxiswane ngayo esixukwini, sigqugqumezelwe ukujula ngalokho okufundwe eBhayibhelini.  Lemibuzo ayinzima kodwa ikhandelwe ukugqugquzela abantu ukuthi bazindle futhi bacabange ngalokho uNkulunkulu engabe ekukhuluma kubo ngezwi lakhe.

## UKUVUNA



Engxenyeni yokuvala lesisiqephu sokuvuna, sigqugquzela ukuthi okukhulunywe ngakho kube ngokomuntu ngamunye ngokuthi anikwe ithuba lokukusebenzisa.  Nakuba ingekho ingcindezi yokwabelana ngalokho umuntu akucabangayo noma ngendlela azizwa ngayo, kodwa kuvulelekile ukuthi abathandayo bakwenze lokho.  Lesisikhathi sibucayi njengoba abantu beveza lokho uNkulunkulu akukhulumile nabo futhi bebheka umthelela wakho ohambeni lwabo naye.

Lokhu Okuqukethwe kulencwadi kuthathelwe emibuzweni eseBhayibhelini iSerendipity.[1]

---

[1] Coleman, Lyman, ed. *Serendipity Bible: For Personal and Small Group Study*. Revised & Enlarged edition. Grand Rapids, MI: Littleton, CO: Zondervan, 1996.

## Isonto 1: Inhloso yomhlaba (NgokukaLuka 4:14-30)

# UKULIMA

1. Yini into oyithandayo ngedolobha owakhulela kulo?
2. Yikuphi okwakuwuphawu lokuthi othile wayephumelela endaweni ohlala kuyo? Njengokuba nendlu enkulu, ukuba usaziwayo kwezemidlalo/usombusazwe/umculi, noma onabalandeli abaningi ezinkundleni zokuxhumana?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku NgokukaLuka 4:14-30. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Bheka ngokukaLuka 3:21, 4:1, 14, 18. Yini efanayo kulamavesi ngalinye lawo? Lokhu kusitshelani ngendawo athola kuyo amandla uJesu?
2. Yini ocabanga ukuthi uJesu wayifunda kumPhrofethi u-Isaya ngeSabatha eSinagogeni? Kusemqoka ngani?
3. Yini umsebenzi kaJesu ngokwamavesi 18-19? Ukwenza kanjani lokhu ngokwempela? Ngokukamoya? Kwakubukeka kanjani lokhu ngalesosikhathi? Ngabe ibandla kusamele liwenze lomsebenzi? Kubukeka kanjani lokho kulemihla?
4. Yini azama ukuyisho uJesu ngalesisaga kanye nezindaba ngo Eliya no Elisha?
5. Qhathanisa uvesi 22 no vesi 28. Ucabanga ukuthi kungani abantu baphendula ngalendlela?
6. Uma ubheka uvesi 30, ngabe impendulo yabantu yamthena amandla yini uJesu emsebenzini wakhe?

# UKUVUNA

1. uJesu ukhuluma ngezinto ezinhlanu afikela ukuzenza. Uma wonke okholwayo abengaqhubeka ukwenza lezinto, yiyiphi ocabanga ukuthi ibalulekile? Yiyiphi oyikhohlwayo?
   (a) Ukwabelana ngeVangeli?
   (b) Ukusiza abantu bakhululeke?
   (c) Ukusiza labo abaswele?
   (d) Ukulungisa umhlaba ubemnene?
   (e) Ukukhumbuza abantu ngomusa kaNkulunkulu nokulunga kwakhe?

2. Yibaphi abantu abangebona abangani bakho noma abangekho emndenini wakho, uNkulunkulu afuna ubanakekele? Ungakwenza kanjani lokho?

## Isonto 2: Amathuba Omhlaba wonke (u-Isaya 6)

# UKULIMA

1. Wagcina nini ukubizelwa ehhovisi likaThisha-Nhloko/lomphathi wakho emsebenzini? Kwakumayelana nani? Kwakwenza wazizwa kanjani?
2. Yimuphi umsebenzi osuke wawenza ungabheke kukhokhelwa ngawo? Kwenzeka kanjani ukuthi uzimbandakanye?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku ku Isaya 6. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Ucabanga ukuthi kwenzakalani ezweni ngenkathi inkosi ifa? Kungani ucabanga ukuthi uNkulunkulu wakhetha ukubiza u-Isaya ngalesosikhathi?
2. Ucabanga ukuthi wawumayelana nani umbono ka Isaya?
3. Yini esiyifundayo ngoNkulunkulu mayelana nalokho akubona futhi wadlula kukho u-Isaya?
4. Kungani u-Isaya wayesabela impilo yakhe futhi evuma ukuthi wonile?
5. Abantu babejwayele ukushisa izilwane e-Altare kunokuthi kufe isoni. Kusemqoka ngani ukuthi izindebe zika Isaya zathintwa ngelahle elathathwa e-Altare?
6. Bheka impendulo ka Isaya kuvesi 5 novesi 8. Yini ucabange ukuthi impendulo yakhe iyaguquka?
7. Yini umsebenzi omusha ka Isaya (vv. 9-10)?
8. Ngabe umyalezo owanikwa u-Isaya wawunomthelela omuhle noma omubi?

# UKUVUNA

1. Ufana kanjani umuzwa wakho ngoNkulunkulu nalowo ka-Isaya? Ngabe umangele? Uzizwa unecala? Uhlanzekile? Ngabe uyathanda ukusiza noma ikuphi, noma ngasiphi isikhathi?
2. U-Isaya wayemangazwe ubungcwele namandla kaNkulunkulu. Yiyiphi ingxenye kaNkulunkulu oyithanda kakhulu? Kungani?
3. Ucabanga ukuthi kungani uNkulunkulu wakubeka emhlabeni okuwo? Yini afuna uyifeze? Yimuphi umlayezo okumele wabelane ngawo?

## Isonto 3: Amasiko ashayisanayo (NgokukaJohane 4:1-26)

# UKULIMA

1. Ngalesikhathi usaseyingane, ngabe bakhona yini abantu okwakuthiwa uhambele kude nabo? Ngabe zikhona yini izingxenye zendawo owawuxwayiswa ukuthi ungayi kuzo? Yini eyayiyokwenzeka ukuba waya kuzo?
2. Yayikuphi indawo eyayithandwa emphakathini, ukuthi kuhlanganwe kuyo kubemnandi?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku NgokukaJohane 4:1-26. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Ukuba wakhuliswa ngokungathandi amaSamariya, wawuyozizwa kanjani uma uJesu edabula khona kunokuthatha indlela ejikelezayo?
2. Ngoba kwakungajwayelekile ukuthi abesifazane beze emthonjeni ntambama ("nge *hora* lesithupa", ucabanga ukuthi kungani uJesu wadela isithunzi sakhe wacela usizo kulona wesifazane?
3. Ungayichaza kanjani indlela enza ngayo lowesifazane?
4. uJesu wamumangaza kanjani ku vesi 10?
5. Uqonde ukuthini lowesifazane empendulweni yakhe?
6. Ucabanga ukuthi kungani uJesu ayijika masinyane indaba wasekhuluma ngempilo yalowesifazane ku 16? Yini oyibonayo ngendlela enza ngayo uJesu uma lowesifazane ethi akanaye umkhwenyana?
7. Ucabanga ukuthi kungani lowesifazane eveza iphuzu lenkolo? Usho ukuthini uJesu uma etshela owesifazane ukuthi uNkulunkulu ufuna abantu bamkhonze "ngomoya nangeqiniso"?
8. Kusemqoka ngani ukuthi uJesu wakhetha lowesifazane ukuthi kube ngumuntu aziveza kuye kuqala (bheka futhi kumavesi 39-42)?

# UKUVUNA

1. Ngabe zikhona yini izithiyo ekuhlaleni, esikweni noma kwezokholo ezinzima ukuthi uzinqobe? Ucabanga ukuthi uJesu wayeyoxhumana kanjani nabantu okungelula ukuthi wena ukhulumisane nabo?
2. Yiyiphi ingxenye yengxoxo kaJesu ongayisebenzisa njengesibonelo uma ukhuluma nabangani abafuna izimpendulo?

## Isonto 4: Ukuthembeka kukaNkulunkulu (KwabaseRoma 3:1-20)

# UKULIMA

1. Yini owawuyizuza ngokukhethekile ngokuba semndenini wakho?
2. Ngenkathi usaseyingane, wawuzifanisa nobani? Ngabe wawucabanga ukuthi ungcono kunabo noma wawubona kukubi kakhulu kuwe?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kwabaseRoma 3:1-20. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Kunomuntu owenza ngathi uyaphikisana nombono kaPawulu emavesini 2:28-29. Ufunda imibuzo emavesini 1, 3, 5, no 7. Omunye umuntu ufunda izimpendulo zikaPawulu emavesini 2, 4, 6, no 8. Yiziphi izikhalo ezinkulu empikiswaneni ngayinye? Lemibuzo ikukhombisa kanjani ukungaqondi izimfundiso zikaNkulunkulu?
2. Nakuba amaKhristu angamaJuda ase Roma ayezibona engcono kunalabo abangewona amaJuda (2:1; 3:1), uPawulu uthi yini abafana ngayo?
3. Ukusuka kumavesi 10-18, yenza uhlu lwalokho okushiwoyo ngemicabango yabantu, izenzo kanye namagama. Uzizwa kanjani ngokuphila emhlabeni onje?
4. Ngabe amavesi 3:19 no 1:20 ayaweseka umbono kaPawulu wokuthi wonke umuntu uphethwe nguNkulunkulu? Uma kunjalo, ngayiphi indlela?
5. Ngokwevesi 20, ucabanga ukuthi umthetho ufana nencwadi kadokotela (ehlonza isifo) noma incwadi kadokotela (yokukhipha imithi)? Yini inhloso yawo?

# UKUVUNA

1. Yiziphi izinto (imisebenzi) eyenziwa ngabantu ukuqinisekisa ukuthi bahle ebusweni bukaNkulunkulu? (isibonelo, ukuya esontweni, ukugqoka umfaniswano, ukuzimbandakanya nezixuku zomculo.)
2. Ukuba lencwadi yaphela ngovesi 20, wawuyozizwa kanjani ngawe? ngoNkulunkulu?
3. Kunini lapho wazizwa khona ukuthi unezono, udinga uNkulunkulu? Ungabelana kanjani nabanye lengxenye yendaba yakho?
4. Ngokwalombhalo, ukwenza uzizwe kanjani uvesi 24?

## Isonto 5: Abadobi babantu (NgokukaLuka 5:1-11)

# UKULIMA

1. Kwakunjani mhla uqala ukuyohlala kude nasekhaya? Kwakungaba ukuyofunda, ukuyosebenza, ukushada noma kungaba ezinye izizathu – wawunjani lowomuzwa?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku NgokukaLuka 5:1-11. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Kungani ucabanga ukuthi uJesu wakhetha ukwenza isibonakaliso ngenhlanzi ukuveza amandla akhe nobizo kuPetro?
2. Kwaba yini impendulo yokuqala kaPetro uma uJesu ethi abaphonse amanetha abo futhi, lokhu kwabonisani ngesimo sakhe?
3. Kungani uPetro wayevuma ukuba uyisoni emva kokubona isibonakaliso? Kusifundisani lokhu ngobukhona bukaNkulunkulu?
4. Usho ukuthini uJesu uma ethi kuSimoni, "Ungesabi; kusukela manje uzakubamba abantu."
5. Izenzo zikaPetro zilubonisa kanjani ukholo nenhlonipho, nakuba izimo zazingavumi?
6. uPetro, Jakobe no Johane baphendula kanjani uma bebizwa nguJesu? Yini esingayifunda ngokuvuma kwabo ukushiya konke bamlandele?

# UKUVUNA

1. Lapho usebenza khona noma *ebhizinisini* lakho, umbona kanjani uJesu: (a) umfundisi (*uThisha*) nje othandekayo, kodwa futhi ongashayi khona? (b) umuntu ongaba umlingani okahle ekutheni akusebenzele (c) Okungaba nguye owenza zonke izinqumo? Kungani?
2. Yiziphi izindlela owezwa uJesu ekubiza ngazo ukuthi ube "umdobi wabantu"? Usabele kanjani kulolobizo?
3. Yimaphi "amanetha" noma izingxenye zempilo yakho yamanje ofisa ukuzishiya bese ulandela uJesu ngokugcwele? Ungazithatha kanjani izinyathelo zalokho namuhla?

## Isonto 6: Ukondla izimvu (NgokukaJohane 21:15-25)

# UKULIMA

1. Ubani owayenza imisebenzi yasendlini kakhulu kini ngesikhathi usaseyingane? Ngubani owayehlala njalo enza umsebenzi omncane?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku NgokukaJohane 21:15-25. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Kungani uJesu abuza uPetro kathathu ukuthi uyamthanda na? kwakusemqoka ngani lokhu kuphindaphinda, ikakhulu ngoba uPetro wamphika uJesu ngaphambilini?
2. Ngabe izimpendulo zikaPetro ephendula uJesu zazikubonisa kanjani ukuqonda uthando kanye nokuzibophezela?
3. Usho ukuthini uJesu uma etshela uPetro ukuthi “yipha amawundlu ami,” "yalusa izimvu zami" nokuthi “yondla izimvu zami?
4. Ukuqagela kukaJesu ngekusasa lika Petro (amavesi 18-19) kubonisani ngokujula kokuba umfundi? Kusifundisani ngokuzibophezela?
5. Uchaza ukuthini uJesu uma etshela uPetro ukuthi “ngilandele” ku vesi 19? Usemqoka ngani lomyalo ekuqondeni ukuba umfundi?
6. Kungani uPetro ebuza ngekusasa lika Johane, nokuthi impendulo kaJesu imbuyisa kanjani uPetro endleleni?
7. Ukuxhumana kukaJesu, uPetro noJohane kwawuqhakambisa kanjani umqondo wobizo olukhethekile emzimbeni kaKhristu?

# UKUVUNA

1. Ungalubonisa kanjani uthando ngoJesu empilweni yakho nsukuzonke nasemsebenzini wenkosi?
2. Yiziphi ezinye izindlela “ongondla” futhi “unakekele” ngazo abantu obanikwe nguNkulunkulu, ngokukamoya nangokwenyama?
3. Kwakunini lapho waphazamiseka khona ngenxa yokuqhathanisa uhambo lwakho nolomunye? Ungagxila kanjani endleleni uJesu akubizele kuyo?
4. Uma uJesu wayengakubuza ukuthi, “Uyangithanda na?” wawungaphendula uthini, yibuphi ubufakazi ngothando lwakho ongabubonisa ngempilo yakho?
5. Yiziphi izinyathelo ongazithatha kulelisonto ukubonisa ukholo lwakho kanye nokusiza abanye ngempumelelo?